iEFF: ingumkhululi noma ingumdukisi?

Ukuya phambili kwe-*Economic Freedom Fighters* (iEFF) okhethweni oludlule kusho ukuthi kwenzeka okokuqala ukuthi iqembu elivela kwesobunxele kweANC lithole ivoti eliqhamisile. Selokhu kwakhethwa amalunga ephalamende amele iEFF angamashumi amabili nanhlanu nangamashumi amathathu awasemikhandlini yokushaya imithetho yezifundazwe ahleze esezindabeni, ngezikhathi eziningi ngenxa yokushaya iANC ngobuciko.

Bakwazile ukuveza ubuso bangempela bentando yeningi phansi kwenqubomgomo ewubungxiwankulu obukade bufihlwe ngemikhuba ethathwe kumaNgisi namaBhunu akudala: amacala anjengokubulawa kwabasebenzi eMarikana ngamaphoyisa ombuso nokwebiwa kwesabelo nguZuma ukuze azakhele ikhaya lakhe eNkandla. Basishuqusile isimo esimnandi sokuzwana kweANC nawo wonke amaqembu aphikisanayo beveza ukuthi ukuphikisa okwangempela akuzange kwaba khona. Ngenxa yalezo zenzo bacindezelwe baze bakhishwa emkhandlini wokushaya imithetho ngodlame, besatshiswa nangokuxoshwa.

Noma iphalamende selize ladonsa amehlo, umbuzo uthi ingabe iEFF ingumbutho ongaqhuba izidingonqangi zesigaba sabasebenzi phambili?

nguMametlwe Sebei

Ngubani oweseka iEFF?

Ukusungulwa kweEFF kukhombisa intukuthelo enkulu kubantu baseNingizimu neAfrika ngenxa yenhlupheko, ukubandlululana kanye nokungalingani okuqhubekayo kuyaphambili. Iningi labalandeli beEFF yintsha kanye nesizwe esimnyama esihluphekile esihlala emadolobheni kanti nalabo abaphila impilo engconywana bayayeseka iEFF futhi yibo abaphethe iningi lezikhundla. Kukhona nabadla izambane likapondo abaphakathi kweEFF.

Umbutho weEFF akuwona umbutho wesigaba sabasebenzi. Ikakhulukazi abasebenzi bashiyeka benemibuzo. Isibonelo, inyunyana enkulu yaseNingizimu neAfrika iNUMSA yenqaba ukweseka umbutho weANC okhethweni oludlule lo nyaka ka-2014 kodwa yathatha isinqumo sokuthi ngeke iyeseke iEFF ngenxa yemvalaphi yobuholi beEFF nokukhawuleka komgomo weEFF. Kungasenani, abanye abasebenzi bakubona kungcono ukuvotela iEFF ukuze bashaye iANC esingezondwayo.

Iyini iEFF?

IEFF wumbutho owela phansi kwenhlelo yemiqondo ebizwa nge-*left populism*. I-*populism* qobo layo izama ukuheha 'abantu' ukulwa 'nabangcono'. Eyobunxele inembele ebantwini abahluphekile, ibalwise nabacebile. I-*Freedom Charter,* Isivumelwano Senkululeko, iwela phansi kwayo njengoba ikhuluma ngentando yeningi engenambandlululo nangokubeka umnotho phansi kwesizwe ngendlela ekhawuliwe (evimba ukufaka umnotho wonke wesizwe phansi kolawulo lwesigaba sabasebenzi). Ubuholi beEFF, iningi labo eliphuma kwi-ANCYL, busahambisana neSivumelwano Senkululeko.

Kumphakathi nabasebenzi, Isivumelwano asizange sibonakale njengesikhali esasizokhuphula isizwe esimnyama ngaphansi kukahulumeni wencindezelo nombandlululo kuphela – saphinda sathathwa njengempendulo kokuxhashazwa okwezomnotho, sigcwaliswe ngendikimba yobudlelandawonye. Kodwa abaholi beANC abazange basiqonde ngaleyo ndlela. UMandela qobo lwakhe wathi Isivumelwano Senkululeko "akusona esokugqugquzela ubudlelandawonye".

Isivumelwano Senkululeko sasingeke sibeyisisekelo sokwakha umphakathi wobudlelandawonye ngaphandle kokuthi uhlamvu lwaso olukhuluma nge-*nationalisation* lwenziwe ngokuphelele, okusho ukuthi wonke umnotho welizwe ufakwa ngaphansi kolawulo lwabasebenzi nomphakathi oluyingxenye yokuhlelwa komnotho womphakathi wobudlelandawonye. Kodwa Isivumelwano asizange siqonde ukuthatha izinyathelo ezinjalo zokuguqula inqubomgomo yezwe. Nangobuholi beEFF kunjalo. Lapho ongxiwankulu baveza ngesobala ukuthi babengeke basibekezelele Isivumelwano ngaphandle kwasephepheni, duku-duku iANC kaMandela yasilahla. Namhlanje, ukuntenga-ntenga komnotho wobungxiwankulu kuyaqinisekisa ukuthi umbutho ongazama ukusebenzisa umgomo ofana neSivumelwano Senkululeko uzofakwa ngaphansi kwengcindezi ngongxiwankulu ukuze uwushiye phansi; ingcindezi engenakuvinjelwa ngaphandle koluvo lomzabalazo woquqaba nengqululambuso yobudlelandawonye.

Futhi, isithunzi se-nationalism (ukuzimela njengsizwe esithile) yabamnyama siqukethwe kubuholi beEFF. Le nkambiso ye-right populism incikele emiqondweni 'yohlobo' (race) 'nesizwe', ibeka iANC icala lokuthengisa isizwe esimnyama ngenxa yokusebenzisana nabelungu. Asikuphikisi ukubaluleka kokulwisa zonke izinhlobo zobandlululo – ubandlululo abasebenzi abamnyama ababhekene nalo ezandleni zabaqashi abamhlophe, izinga lenhlupheko yabantu abamnyama elingenakulinganiswa ebalungwini kanye nazo sonke ezinye izinhlobo zobandlululo. Intando yeningi yangempela iyosho ukuthi isizwe esimnyama, njengeningi elihlula zonke ezinye eNingizimu NeAfrika, yiso esizophatha umbuso nomnotho. Kodwa ngokusho njalo asikacacisi ukuthi yisiphi isigaba (class) – esabasebenzi noma esongxiwankulu – esibusayo. I-nationalism iyahluleka ukucacisa lolu daba olubucayi ngoba nayo futhi ayilihlaziyi izwe ngelesigaba.

ENingizimu Afrika, kakhulukazi uma kuqhathaniswa namanye amazwe, izindaba zohlobo nesigaba zibophezelene. Ukuze kuvezwe umnyombo wobandlululo nokungalingani odalwe ngubungiwankulu nokuhlukanisa umphakathi ngezigaba, kufanele ziqaqwe lezo zindaba. Wubudlelandawonye bodwa obungalethela iningi labantu abamnyama inkululeko yangempela bufake ulawulo lombuso nomnotho ezandleni zalo. Isigaba sabasebenzi asifuni nje ukuba nabaqashi abamnyama endaweni yabelungu. Yimithetho yobungxiwankulu yezomnotho ephoqa abaqashi bazo zonke izinhlobo ukushiqela imiholo nokuxosha abasebenzi futhi nokubaxhaphaza. Leyo mithetho isekhona noma kushintshwa umbala wesikhumba somqashi.

Ingabe iEFF imele ubudlelandawonye?

Ukuhlanganiswa kwezinhlelo zezigaba ezishayisanayo phakathi kombutho weEFF kuyabonakala kwi-manifesto yayo, engasiwona umgomo wokubhuquka ubungxiwankulu nokwakha ubudlelandawonye. Lokho kushiya izimpande zobungxiwankulu ziqinile kanti nokuhlukumezeka kwabasebenzi nomphakathi kuzobe kulokhu kuqhubekela phambili. Umbutho weEFF uzibiza uthi uyi-'Marxist Leninist'. Kodwa umqolo wenhlelo yemiqondo kaMarx kuwukuthi umbuso uhleze umele isigaba esibusayo. Ngokubulala abasebenzi eMarikana, uhulumeni weANC waveza wacaca ukuthi uwumbuso wesigaba sobungxiwankulu, ovikela abaqashi nenqubomgomo yabo. UMarx qobo lwakhe wathi "isigaba sabasebenzi ngeke siphumelele uma sivele sithathe umbuso njengoba unjalo sizisebenzisele wona". Isigaba sabasebenzi kumele siwubhidlize umbuso wobungxiwankulu sizakhele umbuso owabasenzi nomphakathi. Kodwa ebikeni lomgomo weEFF, uMalema uthi inhloso yeEFF "iwukukhuza umbuso ngezombusawe zokuvota ukuze ushintshe."

Kubalulekile ukukhombisa abasebenzi nabantu abasha indlela ezoshintsha izwe hhayi ukubadukisa njengoba kusenzeka kwiEFF odabeni lwombuso. IWASP igqugquzela isidingo sokuthi abasebenzi nomphakathi balawule umnotho obekwe phansi kwesizwe – amabhange, izimayini, amapulazi amakhulu, imiboni emikhulu namabhizinisi amakhulu. IWASP ifuna abasebenzi jikelele kanye nomphakathi babenesandla ekuqhubeni kwazo zonke izinhlelo zezwe ngokukhethwa kwamakomidi asebenzisanayo kusukela kuzo ezinkampanini kuya esizweni sonke. Lokho kuyoba yisisekelo sokwakha umbuso sesigaba sabasenzi ongaqala umsebenzi wokuletha ubudlelandawonye.

Ukulwela i-*nationalisation*

Umgomo weEFF we-nationalisation – ukubeka umnotho phansi kwesizwe – uthi u-60% wezimayini namanye amabhizinisi abalulekile uzoba ngaphansi kukahulumeni. Eqinisweni u-40% oyosala emandleni ongxiwankulu uzovimbela ulawulo lwangempela lwesigaba sabasebenzi. Imboni jikelele izophoqeleka ukuqhubeka nokuxhaphaza abasebenzi ukuze osomabhizinisi abazobe bephethe lowo-40% bathole inzuzo yabo.

Futhi, umgomo weEFF we-nationalisation enqanyuliwe ungaba nomthelela wokululaza amandla abasebenzi ubaphendule izibukeli emzabalazweni wokuguqulazwe. Umyalezo weEFF uchaza ukuthi 'Sivoteleni sizonishintshela izinto'. Noma amadlelandawonye angathatha iningi lezikhundla zeNational Assembly asungule umthetho wokubeka umnotho phansi kwesizwe, ngaphandle kokuthi abasebenzi nomphakathi ohluphekile babambane ekubekeni kwalowo mthetho ngomzabalazo woquqaba, abadla izambane likapondo bazozama yonke imizamo ukuze bavikele ingcebo nokubusa kwabo. Isigaba sabasebenzi kwamele sisebenzise amandla aso ekufezeni kwesidingo sokuguqula umphakathi kwakhiwe ubudlelandawonye.

Iyaphi iEFF?

Abaholi beEFF bazozithola befakwe yinkulu incindezelo yisigaba sobungxiwankulu ukuze bahlehle ngemuva bashiye phansi lezo zingxenye zomgomo wabo eziyingozi kulabo abadla izambane likapondo. Kodwa nesiqu seEFF esihluphekile sizobadonsa ngale ukuze baqonde endleleni emaqondene nalokho. Njengeqembu elingabusi, okwamanje iEFF ingayiphakamisa kamnandi inkulumo ehambisana nale ncindezelo evela enzansi. Abaholi beEFF bazopushwa kuyo leyo ndlela yobunxele ikakhulukazi njengoba umnotho uqhubeka ngokuwa futhi iANC iya phambili ne-National Development Plan ezocindezela isigaba sabasebenzi.

Ukushayisana kwezimfuno zezigaba eziphambene phakathi kweEFF kuzojikisa lowo mbutho le nale nkokwezomigomo, nokuba okwesikhathi esithile ubuholi bawo bungaqukatha ukuqashiyana buqinisekise ukuthi umbutho ukhule, ikakhulukazi njengoba ube nempumela emihle okhethweni luka-2014.

IEFF ayisiyo impendulo kumbuzo obucayi isigaba sabasebenzi sibhekene nawo namhlanje – ukusungulwa wumbutho wezombusazwe wabasebenzi nabantu abahluphekile onomgomo ocacile wobudlelandawonye. Kodwa okungenani iEFF ikhombise ithuba elikhulu elikhona lokwakha umbutho ovela kwesobunxele ozomelana neANC kule nkathi elandela udaba

IZWI LITHI:

Akumangazi ukuthi abantu abasha abaningi babheka iEFF ngethemba lokuthi izoletha inguquko eqavile ibabeke ezweni lesithembiso abakade befisa ngokushaya phansi ukuyiswa kulo yiANC. Kodwa iqiniso lingukuthi inguquko elangazelelwa yiningi labalandeli beEFF ingenzeka kuphela ngaphansi kohlelo lokubhuquka ubungxiwankulu nokubeka ubudlelandawonye endaweni yabo. Lowo msebenzi omkhulu udinga ukuholwa wumbutho wamadlelandawonye onamandla – into abangeke bayithole ngaphansi kweEFF. Umbutho weWASP wenqaba ukuzichitha embuthweni weEFF ngenxa yaleso sizathu.

Kodwa emizabalazweni, amadlelandawonye kumele azamele ubumbano obungaletha ukunqoba. Yingakho sithi lapho amalunga eWASP ahlangane naweEFF emzabalazweni mabazame ukwakha ubudlelwane bokubambisana. Lokhu akusho ukuvumela iEFF ukthi yenze noma kanjani. Ukwesekana emzabalazweni kuyinto enhle kodwa imizamo yokuzifaka endaweni engaphambili ngendlovula ibhidliza ubumbano nomzabalazo okuyinto amadlelandawonye angeke ayamukele. Lapho amalunga eWASP abuye esebenzisana naweEFF ngale ndlela kubalulekile ukuthi acace ngokuthi umbutho weWASP uzimele futhi aphakamise izwi lawo achaze ukuthi yiwona kuphela ohamba ngohlelo oluqhotho lwobudlelandawonye. Ngokuhamba kwesikhathi ukusebenzisana nokuzimela ngale ndlela kungasiza abalandeli beEFF ukuzolazi leli iqiniso elizobakhulula.